basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

## ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

## IPHEPHA LOKUQALA (P1)

## FEBRUWARI/MASHI 2015

## IMEMORANDAMU

**AMAMAKI: 80**

**Leli phepha linamakhasi ayi-8.**

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1

## UKUMAKWA KWESIFUNDO SOKUQONDISISA:

Kulesi sigaba kugxilwe ekutheni umfundi uyakuqonda yini akufundile, ngakho uma sekumakwa abafundi akumele baphucwe amamaki ngamaphutha opelomagama kanye nawo limi.

Emibuzweni evulekile abafundi akumele banikwe amamaki ngempendulo ethi **YEBO** noma **CHA**. Abafundi bayonikwa amamaki ngokusekela kwabo.

Emibuzweni evulekile abafundi akumele banikwe amamaki ngempendulo ethi **IQINISO/AMANGA** noma **IQINISO/UMBONO**. Abafundi bayonikwa amamaki ngokusekela kwabo.

Uma umbuzo udinga ukuphendulwa ngegama elilodwa, umfundi aphendule ngomusho ophelele kumele anikwe amamaki uma nje igama okuyilona eliyimpendulo lidwetshelwe.

Uma umbuzo udinga ukuphendulwa ngamaphuzu amabili noma amathathu, umfundi yena anikeze angaphezulu. Kufanele kumakwe awokuqala amabili noma amathathu adingekayo.

Uma umfundi esebenzise igama elingolunye ulimi okungelona ahlolwa ngalo kodwa ukusetshenziswa kwalelo gama kungawulahli umqondo womusho, umfundi akangaphucwa imiklomelo. Uma umfundi esebenzise igama lolunye ulimi kodwa lelo gama vele bekumele alisebenzise umfundi kumele angaphucwa amamaki.

Ulimi olwahlukile lwezigodi/lweziFundazwe kumele lwamukelwe/lubhekelelwe nalo.

Emibuzweni okukhethwa kuyona izimpendulo (multiple-choice) kumele kwamukelwe iletha ehambisana nempendulo efanele kuphindwe kwamukelwe nempendulo ebhalwe ngokugcwele.

1.1 1.1.1 Izinto EZIMBILI kwezilandelayo:
- Ukukhuluma angaqedi.
- Ukunganiki abanye abantu ithuba lokuphendula.
- Ukuqala imisho yakhe ngo 'mina.'
- Ukushintshashintsha izithombe zakhe ezikhungweni zokuxhumana.
- Ukungakwazi ukukhetha izihloko ezifanele ukuxoxwa emphakathini/nabantu ahlezi nabo. (2)

1.1.2 Luncane/D. (1)

1.1.3 Ukuthi abantu bambukela phansi. (1)

1.1.4 Ukukhombisa kubantu ahlezi nabo ukuthi naye akamncane. (1)

1.1.5 Iphuzu ELILODWA kulawa alandelayo:

- Abantu abaphezulu azana nabo.
- Impilo ephezulu ayiphilayo (1)

1.1.6 Akaphatheki/Akafuni ukushayelwa umthetho. (1)

1.1.7 Uba ngundlovu kayiphikiswa. (2)

1.1.8 (a) Ukunganakwa kwakhe/ukunganikwa inhlonipho acabanga ukuthi imfanele. (2)

(b) Wenza okuhlukile/okuphambene kunokwabanye. (2)

(c) Ukuthatha isikhathi sokuphumula. (2)

1.1.9 Iphuzu ELILODWA kulawa alandelayo:
- Abantu bayamangala ukuthi ngonjani ovele akhulume zonke izinto zakhe emphakathini.
- Bayamcasukela.
- Babona sengathi akaphilile kahle ekhanda.
- Bayaziqhelelanisa naye. (2)

1.1.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ungambonisa ukuthi le nto ayenzayo ayifanele.
- Ungamtholela usizo lokwelulekwa ngokwengqondo.
- Ungameseka ngokumnika uthando. (2)

1.1.11 Kumenza umuntu angakwazi ukuhlela impilo yakhe. Ulinda abanye benze izinto bese naye elandela. (2)

1.1.12 Iqiniso, ngoba abantu abamthandi umuntu ozenza ngcono kunabanye. (2)

| | | | |
|---|---|---|---|
| 1.2 | 1.2.1 | Owokuvala ingozi/owokuqeda izingozi/owokunciphisa izingozi zomgwaqo. | (1) |
| | 1.2.2 | Ukuqwashisa/Ukuqaphelisa abantu ngemiphumela emibi yokushayela uphuzile. | (1) |
| | 1.2.3 | UMnyango Wezokuthutha/Department of Transport. | (1) |
| | 1.2.4 | KwaZulu-Natal. | (1) |
| | 1.2.5 | Ukushona komshayeli/kwabantu abangenacala/ukulimala/ukwanda kwezintandane. | (2) |

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

## UMBUZO 2

## UKUFINGQA KUMELE KUMAKWE NGALE NDLELA:

**Ukwabiwa Kwamamaki:**
- Amaphuzu ayi-7- Amamaki ayi-7.
- Ulimi- Amamaki ama-3.

Amamaki Esewonke: [**10]**

Ukwabiwa kwamamaki uma abafundi bengacaphunile okusesiqeshini:

- Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: imaki eli-1
- Amaphuzu ama-4 kuya kwa-5: amamaki ama-2
- Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: amamaki ama-3

Ukwabiwa kwamamaki uma abafundi becaphune okusesiqeshini:

- Ukucaphuna amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: awekho amamaki olimi
- Ukucaphuna iphuzu eli-1 kuya kwama-5: imaki eli-1 lolimi

**Ukubalwa Kwamagama:**

- Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.

- Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.

- Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqiwe, omakayo kumele afunde amagama amahlanu ngaphezu kwesibalo esinqunyiwe angabe esakunaka okunye okuza emva kwalokho. Indaba efingqwe ngamagama angaphansi kwenani elibekelwe ibe inawo wonke amaphuzu abalulekile ayiphucwa amamaki.

| **Nanka Amaphuzu Abafundi Abangabhalela Phezu Kwawo:** | |
|---|---|
| 1 | Gcina amateki akho kuwodilohpu noma uwafake ebhokisini lawo. |
| 2 | Gwema ukuwasha amateki akho njalo ngamanzi. |
| 3 | Ungasebenzisa indwangu eswakeme ukugcina amateki akho ehlanzekile. |
| 4 | Wahlanze ngensipho yokuwasha izicathulo. |
| 5 | Waneke ngaphandle ashaywe umoya athole nelanga. |
| 6 | Gqoka amasokisi ukubamba umjuluko uma ufake amateki. |
| 7 | Vuvuzela uphawoda ematekwini akho ukuvimba uphunga. |

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

3.1 Imisebenzi EMIBILI kwelandelayo:
- Ukuhlela imicimbi.
- Ukuhlobisa.
- Ukupheka.
- Ukuqashisa ngezimpahla. (2)

3.2 Ukugqamisa isihloko noma ukuheha abathengi/amakhasimende. (2)

3.3 Eliphezulu/C. (1)

3.4 Lisho ukuthi bazomenzela kahle konke akufunayo/
Lisho ukuthi benza izinto ezihambisana nesikhathi samanje.
Izimpendulo zingehluka kodwa ziveze umqondo wokwenza kahle/wokuphatha/wokuhlela kahle umcimbi. (2)

3.5 Ukukhokha idiphozithi engamaphesenti angamashumi amahlanu emali yonke yokwenza umsebenzi. (1)

3.6 Izimpendulo ziyokwehluka.
Abafundi kuyomele besekele izimpendulo zabo.
Kuzwakala sengathi umthengi uzophiwa ifriji kanti akunjalo. Kusho ukuthi uyokwebolekwa ifriji/kusetshenziswe ulimi oluhehayo/olukhohlisayo ukuze bahehe abathengi. (2)
**[10]**

### UMBUZO 4

4.1 Yithikithi le-lotto. (1)

4.2 Uqonde ukuthi uwine i-lotto/izinamba zakhe ziwinile. (1)

4.3 Ngaze ngay**i**bamba mabhebeza seng**i**zokwazi uk**u**thumela abakhongi. (3)

4.4 Ukuhlala nomuntu ongashadile naye/C. (1)

4.5 Abantu abathunyelwa umkhwenyana ukuyomcelela isihlobo esihle ekhweni/ukuyolobola. (2)

4.6 Izimpendulo zoyokwehluka:

Usephoxekile. Iphepha ulibhekise phansi. Izinamba eziwinile akusizona lezi athi uzibambile. (2)
**[10]**

**UMBUZO 5**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 5.1 | 5.1.1 | (a) Endlini-likhomba indawo/undaweni. | (1) |
| | | (b) Bakamatikuletsheni-likhomba ubunikazi/ubumnini. | (1) |
| | 5.1.2 | Ukubamba iqhaza. | (2) |
| | 5.1.3 | Ningasebenzi kanzima ukuze ningabajabulisi abazali benu. | (2) |
| | 5.1.4 | Abafundi bakhuthazwa uthishanhloko ukuthi bazimisele. | (2) |
| | 5.1.5 | Bangaphasa bonke abafundi uma befunda ngokuzimisela. | (2) |
| | 5.1.6 | UThishanhloko wakhuthaza abafundi ukuthi basebenze ngokuzimisela ukuze bangaphoxi abazali babo. | (2) |
| | 5.1.7 | Ngonyaka ozayo abazali bayosiza/bazosiza izingane zabo. | (2) |
| 5.2 | 5.2.1 | Imizwa yokudinwa/yokubukelwa phansi/yokuzizwa isithunzi sakho sidicileleka phansi. | (1) |
| | 5.2.2 | Amadoda wonke ayefana, wonke angosathane. | (2) |
| | 5.2.3 | Olunenzondo/B. | (1) |
| | 5.2.4 | Inkolelo engaguquki. | (2) |
| | | | **[20]** |

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**